# Bangaphezulu kwezigidi ezimbili abakhokhintela abakhiphe imali ebhodweni labo lokonga

**Tshwane, 31 Masingana 2024 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lufika ukumemezela ukuthi kuze kube manje seluthole izicelo eziyi-2,664 279 zemiyalelo yentela yokukhishwa kwemali kuMhlomulo Wokukhipha Imali Ebhodweni Lokonga ku-two-pot system. Kusibalo sezicelo zemiyalelo yentela, kwaphasiswa ezingu-2 403 379 ukuba zikhishelwe imali. Kulesi sibalo esisele ezakhona izicelo zachithwa ngenxa yezizathu ezehlukahlukene, phakathi kwezinye, kubandakanya izinombolo zomazisi ezingezizo, nezinombolo zentela ezingezona.

Kuze kube manje sekukhokhwe isamba esiphelele esingu-R 43.42 billion.

Ngokuhambisana nenhloso ka-SARS yokuba abakhokhintela basebenzise imigudu yedijithali, kuyintokozo ku-SARS ukumemezela ukuthi umshini wokubala ku-WhatsApp wasetshenziswa izikhathi ezingama-90 283 selokhu kwaqala inqubo. Umshini wokubala okusizindalwazi sakwa-SARS, oyingxenye ye-SARS Online Query System, wona usetshenziswe izikhathi ezingama-952 403. U-SARS uphinde wathola imibuzo eyizi-128 802 kusetshenziswa umgudu wephimbo kanye nengama-24 278 emagatsheni.
Kukhuthazwa abakhokhintela ukuba baqhubeke nokusebenzisa imigudu yedijithali, elula futhi esebenziseka kalula. Ukusebenzisa le migudu kusho ukuthi abakhokhintela abadingi ukushiya amakhaya abo noma izindaow abasebenzela kuzo beyoma emigqeni eyehlisa isithunzi.

U-SARS uthanda ukubonga izikhungo ezilawula isikhwama somhlalaphansi ngokubambisana kahle nangobuchwepheshe okuvumela u-SARS akwazi ukudla aindima yakhe kahle nangempumelelo ngokukhipha imithamo yezicelo zemiyalelo yentela ngokushesha kuze kube manje.
U-SARS ukhumbuza abakhokhintela abafuna ukufaka isicelo sokukhipha imali ukuba baqinisekise ukuba izinombolo zabo zentela ziyizo, nokuthi banike inombolo eyiyo kamazisi nokuthi abansikweletu abanaso no-SARS.

Emva kokuthi umkhokhintela obhalisiwe esesifakile isicelo, ukuba yimpumelelo komyalelo wentela yikho okutshela abalawuli sikhwama ukuthi yimalini okumele siyibambe kuleyo mali ekhishwayo. U-SARS uzamukela 24/7 izicelo zemiyalelo bese zisetshenzwa ehoreni elilodwa izinsuku ezingama-365 ngonyaka kusukela ngehora lesi-8:00 ekuseni kuya kwele-19:00 kusihlwa. Ngaphandle uma isicelo somyalelo sithunyelwa ngaphandle kwalawa mahora, impendulo uma umkhokhintela ethobela ithunyelwa esikhwameni lingakapheli ihora.

Ngaphambi kokuthi inani lokugcina likhokhwe kumfakisicelo, isikhwama sempesheni sizokwaziswa ukuba sibambe nasiphi isikweletu esikweletwa kwaSARS ngaphambi kokuthi senze inkokhelo kulelo lungu. Uma umuntu enezinhlelo ezithile mayelana nesikweletu noSARS, imali ekhishwayo angeke ithinteke. Uma kunesikweletu esikweletwa kwaSARS, sizobanjwa ngokwesivumelwano.

Kukhunjuzwa abakhokhintela ukuthi intela izobizwa emalini ekhishwayo ngokwesilinganiso sentela esiphakathi kuka-18% kuya ku-45% kuye ngokwezinga abatheliswa ngalo. Yize lolu lwazi lukhona emphakathini, kukhona abakhokhintela ababhala ingeniso elingaphansi kwelifanele.

UKhomishana wakwa-SARS uMnu. Edward Kieswetter uthe “u-SARS ukhathazekile kakhulu ngokuthi khlonzwe abakhokhintela abangama- 213 654 abadalule ingeniso elitheliswayo elingeyilo ngenhloso yokutheliswa ngezinga elingaphansi kwelifanele. Uma umkhokhintela efaka ingeniso elingaphansi kwelifanele, lokho kusho ukuthi babandakanyeka ekubalekeleni isibophezelo sabo sentela. Kuzobizwa inhlawulo kubakhokhintela abafake ingeniso elingaphansi kwelifanele. Ngifisa ukuxwayisa abakhokhintela ukuba bakugweme lokhu kuziphatha okungekuhle okusondele kubugebengu. Lokhu kuziphatha kunemiphumela yakho”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane no-SARS ku SARSMedia@sars.gov.za

IYAPHELA